

Keep reading!

Reading for enjoyment doesn't have to end when reading clubs take a break! Holiday programmes can provide spaces for children to continue enjoying and exploring stories during the school holidays.

In reading-for-enjoyment holiday programmes the emphasis is always on reading for pleasure! The activities that make up the programmes have one aim: to spark and sustain children's love of reading and stories.

There are many benefits to holiday programmes that focus on reading for enjoyment. Here are some of them.

- ★ Holiday programmes help children to see reading as something you do in your free time. Seeing reading as an enjoyable leisure time activity is an important step in helping children to become lifelong readers.
- ★ Holidays are usually less busy times. This means that there is more time available for reading-for-enjoyment activities than there is during the school term. So, holiday programmes can be relaxed and they can run for longer each day than reading-club sessions do during term times.
- ★ Children who aren't already members of a reading club can be included in holiday programmes. This introduces them to how satisfying stories, books and reading can be. It encourages them

to become regular readers and even to join a reading club!

- ★ Holiday programmes keep children busy and entertained in relaxed and safe environments. They are especially important if the children's parents are working, and in communities where there are not a lot of things for children to do during the school holidays.

Children attend reading-for-enjoyment holiday programmes not because someone has told them that they have to, nor because they are rewarded for doing so. They attend simply because it is a fun and satisfying thing to do!

Find out more about running a reading-for-enjoyment holiday programme on page 3 of this supplement and in our Story Power Guide 5, which is available for free at www.nalibali.org.



Hlala ufunda!

Ukufundela ukuzithokozisa akufanele kugcine uma amathimba okufunda ehlaba ikhefu! Izinhlelo zamaholide zinganikeza izingane ithuba lokuthokozela nokuhlolisisa izindaba ngesikhathi samaholide ezikole.

Ezinhlweni zamaholide zokufundela ukuzithokozisa kugcizelelwa ngaso sonke isikhathi indaba yokufundela intokozo! Imisebenzi eyakha lezi zinhlelo inenhloso eyodwa: ukokhela inhansi nokuqhuba uthando lwezingane lokufunda nezindaba.

Kukhona izinzuzo ezinhlweni zamaholide ezigxila ekufundeleni ukuzithokozisa. Nazi ezinye zazo.

- ★ Izinhlelo zamaholide zisiza izingane zibone ukufunda njengento oyenza ngesikhathi sakho. Ukubona ukufunda njengomsebenzi ongawuthokozela ngesikhathi sokuphumula,

kuyigxathu elibalulekile ekusizeni izingane ukuthi zibe ngabafundi impilo yazo yonke.

- ★ Amaholide avamise ukuba yizikhathi ezingemata kakhulu. Lokhu kusho ukuthi kunesikhathi esengeziwe semisebenzi yokufundela ukuzithokozisa kunaleso esitholakala ngesikhathi izikole zivuliwe. Ngakho, izinhlelo zamaholide zingakhululeka nje, ziphathwe isikhathi esidana ngosuku kunemihlangano yamathimba okufunda eyenzeka ngesikhathi sesikole.
- ★ Izingane ezingakabi ngamalungu ethimba lokufunda zingabandakanywa ezinhlweni zamaholide. Lokhu kuzethula endleleni izindaba, izincwadi nokufunda okunelisana ngayo. Kuyazikhuthaza ukuthi zibe ngabafundi abafunda njalo nokuthi zingene ethimbeni lokufunda!

- ★ Izinhlelo zamaholide zigcina izingane zimatasa futhi zithokozile ezimeni ezikhululekile neziphophile. Zibaluleke ngokukhethekile uma ngabe abazali bezingane besebenza, nasemiphakathini lapho zingekho khona izinto eziningi izingane ezizenzayo ngesikhathi samaholide ezikole.

Izingane ziya ezinhlweni zamaholide zokufundela ukuzithokozisa hhayi ngoba kukhona othile ozitshelile ukuthi kumele ziye, noma ngoba ziyahlonyuliswa ngokwenza lokho. Ziza ngoba kuyinto ethokozisayo neyanelisayo!

Thola kabanzi mayelana nokuphatha uhlelo lweholide lokufundela ukuzithokozisa ekhasini lesi-3 lalesi sithasiselo kanye nakweyethu i-Story Power Umkhombandlela 5, okutholakalayo mahhala ku-www.nalibali.org.



Drive your imagination

Join us. Be a literacy role model.
Hlanganyelani nathi.
Yibani yisibonelo sokufunda nokubhala.



10 fun holiday ideas

Whether you are at home with your own children or running a holiday programme, here are some activities that incorporate reading and writing to keep your children entertained during the holidays. The idea is to enjoy yourselves, so use the language/s you and your children feel most comfortable with.

Amasu ayi-10 okuzithokozisa ngeholidi

Noma ngabe usekhaya nezingane zakho okukanye uphethu uhlelo lweholide, nayi imisebenzi ethile ebandakanya ukufunda nokubhala ukugcina izingane zakho zijabulile noma zisebumnandini ngesikhathi samaholide. Inhloso wukuthi nizithokozise, ngakho sebenzisani ulimi/izilimi wena nezingane zakho enikhululeka kakhulu ngazo.

1 Try something old and new. Together read stories by authors you have not tried before. Also encourage your children to introduce their favourite books to their friends and/or siblings.

1 Zama okuthile okudala nokusha. Nindawonye fundani izindaba zababhali eningakaze nibazame ngaphambilini. Phinda ukhuthaze izingane zakho ukuthi zethule izincwadi zazo ezidla ubhedu kubangani bazo kanye/noma nasezinganeni zakwabo.

2 Write the story's words. Together look at a picture book that does not have any words. Then challenge everyone to write their own words for the story on separate sheets of paper. (Remember to write down the page numbers too so that you know where the words go!) Help younger children do this by writing down the words they tell you. When you have all finished, take turns reading your story words aloud while someone turns the pages of the book. Notice the ways in which each of your stories is similar and/or different.

2 Bhala amagama aleyo ndaba. Nindawonye bhekani incwadi yezithombe engenawo nhlobo amagama. Emva kwalokho phonsa inselelo kuwonkewonke ukuthi abhale awakhe amagama endaba ekhasini elehlukile lephepha. (Khumbula ukubhala phansi ngisho nezinombolo zamakhasi ukuze wazi ukuthi amagama angenaphi!) Siza izingane ezincanyana ukwenza lokhu ngokubhala phansi amagama ezikutshela wona. Uma seniqedile nonke, shintshanani ngokufunda amagama enu ezindaba ngenkathi omunye ephenya amakhasi encwadi. Qaphela izindlela izindaba zenu ezifanayo futshi/noma ezehlukile ngazo.

3 Keep it short. Challenge your children to write a 50-word story set in the winter.

3 Igcinie imfushane. Phonsela inselelo izingane zakho ukuthi zibhale indaba enamagama angama-50 ngokwenzeka ebusika.

4 Play a game. Here is a game that stimulates your children's imagination and encourages critical thinking. Write some "Would you rather ...?" questions linked to winter on separate strips of paper. (For example: Would you rather sleep in a house made of large blocks of ice or one made of large cardboard boxes? Would you rather be stuck on top of a mountain in the winter or in the summer? If you could only wear one thing to keep warm, would you rather wear a scarf around your neck or socks on your feet? Would you rather walk barefoot across some snow or on the hot tar of a road?) Fold up the questions and put them in a container. Let everyone have a turn to take out a question and be the first to answer it. Then let everyone else answer the question too. Remember to encourage everyone to give a reason or reasons for their answer.

4 Dlala umdlalo. Nawu umdlalo ovusa ezinganeni zakho ukubona izinto ngeso lengqondo nokucabanga ngokuhlaziyayo. Bhala imibuzo esuselwa ekuthini: "Ungancamela ukuthi ...?" ephathelene nobusika eziqeshini ezahlukene zephepha. (Ukwenza isibonelo: Ungancamela ukulala endlini eyakhiwe ngamabhuloki amakhulu eqhwa noma eyenziwe ngamabhokisi amakhulu ekhadibhodi? Ngabe ungancamela ukuzithola uvimbeleke phezu entabeni ebusika noma ehlobo? Uma ubuvumeleke ukugqoka into eyodwa ukuze uzigcine ufudumele, ubungancamela ukugqoka isikhafu sizungeze intamo yakho noma amasokisi ezinyaweni zakho? Ngabe ungancamela ukuhamba ungafake zicathulo eqhweni noma etiyeleni elishisayo lomgwaqo?) Songa imibuzo bese uyifaka esiqukathini. Nikeza wonke umuntu ithuba lokukhipha umbuzo bese eba ngowokuqala ukwuphendula. Emva kwalokho nikeza bonke abanye ithuba ukuthi bawuphendule nabo umbuzo. Khumbula ukukhuthaza wonke umuntu ukuthi anikeze izizathu noma izizathu zempendulo yakhe.

5 Create a story wall. Find some space on a wall and stick up large sheets of blank paper. Give your children crayons and pencils and ask them to write and draw about the stories they enjoy.

5 Yenza ubonda lwendaba. Thola indawo ethile obondeni bese unamathisela iziqephu ezinkulu zamaphepha ezingabhalwe lutho. Nikeza izingane zakho amakhayoni namapensela bese uzicela ukuthi zibhale ziphinde zidwebe okuthile mayelana nezindaba ezizithokozelayo.

6 Record your memories. Invite your children to draw pictures, use photographs, cut out words from newspapers and magazines, and use their own words to create posters or books called: My memories.

6 Qopha izinkumbulo zakho. Cela izingane zakho ukuthi zidwebe izithombe, zisebenzise izithombe, zisike zikhiphe amagama emaphephandabeni nasemaphephabhukwini, bese zisebenzisa amagama azo ukwenza amaphosta noma izincwadi ezibizwa ngokuthi: izinkumbulo zami.

7 Host a talk show. Choose a story that you have all read. Then choose one person to be the TV talk show host and others to be the characters from the book. Let the host interview the characters from the book.

7 Yiba wumphathi wohlelo lwengxoxo. Khetha indaba esenike nayifunda nonke. Emva kwalokho khetha umuntu oyedwa ozoba wumphathi wohlelo lukamabonakude lwengxoxo bese kuthi abanye babe ngabalingiswa abaphuma endabeni. Umphathi wohlelo makaxoxisane njengakunhlokhono nabalingiswa bencwadi.

8 Tell a story. Ask your children to find something that is small enough to fit into a pocket, and then to tell a story about it.

8 Xoxa indaba. Cela izingane zakho ukuthi zithole into ethile encane ngokwanele ukuthi ingangena ekhukhwini, bese zixoxa indaba ngayo.

9 Create a letter without writing. Let your children cut out words from old newspapers or magazines and then paste them on paper to make a letter to a friend or family member.

9 Yenza incwadi ngaphandle kokubhala. Dedela izingane zakho ukuba zisike zikhiphe amagama emaphephandabeni noma emaphephabhukwini amadala bese emva kwalokho ziwamathisela ephepheni ukwenza incwajana eya kumngani noma elungeni lomndeni.

10 Be an inventor. Ask your children to invent a machine to help do chores at home more easily. Let them draw a picture of their machine and label it to show how it works. They could even try to make a model of the machine using recycled materials.

10 Yiba wumsunguli. Cela izingane zakho ukuthi zisungule umshini wokusiza ukwenza imisebenzi yasekhaya ibe ludlana. Mazidwebe isithombe somshini wazo bese ziwufaka amalebula ukukhombisa ukuthi usebenza kanjani. Zingazama ngisho nokuthi zakhe umfanekiso womshini ngokusebenzisa izinto ezivuselelweyo.

Plan a holiday programme

Use what excites you about stories and books to help you create a fun and inspiring programme. But whatever activities you choose, proper planning is important. Here are some ideas to guide you.

- Draw up a programme of activities for each day. Choose different types of activities to keep the programme interesting. Many of the activities can relate to the stories you have chosen, but include other reading or writing activities too. Remember that many of the children will come back day after day so you will need different stories, songs and games. Practise doing the stories and activities you've chosen so that you know how much time they'll take to complete.
- Advertise your holiday programme at school parent meetings, in newsletters and on notice boards at libraries, clinics and schools.
- Organise a sign-up day so that you know how many children will be taking part in the programme. This will help you decide what resources you need. Invite parents and other caregivers to come and register their children for the programme about two weeks before it starts.
- Plan how you will make the venue attractive. Think about how to set up quieter areas where children will be able to look at or read books on their own, and other areas suitable for the activities you're planning.



Hlela uhlelo lweholide

Sebenzisa okukujabulisayo ngezindaba nezincwadi ukukusiza ukusungula uhlelo oluthokozisayo nolufaka ugqozi. Kodwa-ke kunoma yimiphi imisebenzi oyikhethayo, ukuhlela okuqondile kubalulekile. Nayi imibono engakukhombisa indlela.

- Yenza uhlelo lwemisebenzi yosuku ngalunye. Khetha izinhlobo ezahlukene zemisebenzi ukugcina uhlelo luhlale luthokozeleka. Imisebenzi eminingi ingahlobana nezindaba ozikhethile, kodwa faka futhi neminye imisebenzi yokufunda noma yokubhala. Khumbula ukuthi izingane eziningi zizobuya izinsuku zilandelana, ngakho uzodinga izindaba, amaculo nemidlalo okuhlukene. Zejwayeze ukwenza izindaba nemisebenzi okukhethileyo ukuze ukwazi ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ukuyiqeda.
- Khangisa ngohlelo lwakho lwamaholide esikoleni emihlanganweni yabazali, ezincwajani zezindaba, kumabhodi ezaziso asemitatsheni yezincwadi, emitholampilo nasezikoleni.
- Hlela usuku lokubhalisa ukuze ukwazi ukuthi zingaki izingane ezizobamba iqhaza kulolu hlelo. Lokhu kuzokusiza unqume ngezinsiza ozozidinga. Mema abazali nabanye abanakekeli bezingane ukuthi beze bazobhalisa izingane zabo kulolu hlelo emasontweni amabili ngaphambi kokuthi luqale.
- Hlela ukuthi ungayenza kanjani ihehe indawo. Cabanga ngokuthi ungazihlela kanjani izindawo ezithule lapho izingane zizokwazi ukubuka noma zifunde izincwadi zizodwa, kanye nezinye izindawo ezilungele imisebenzi oyihlelayo.

Make reading for enjoyment part of your school! For more information and guidance on how to do this, go to www.storypowerschools.org.



Yenza ukufundela ukuzithokozisa ingxenye yesikole sakho! Ukuthola ulwazi olwengeziwe nokucathuliswa ukuthi ukwenza kanjani lokhu, vakashela ku-www.storypowerschools.org.

Putting stories at the heart of your school ★ Izindaba mazibe yiziko lesikole sakho

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

- Ikwekwezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.
- Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.
- Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.
- Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.
- Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.
- RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.
- SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.
- Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.
- Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.
- Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.
- X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.
- Motsweding FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.30 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali!

- Ku-Ikwekwezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni.
- KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni.
- KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.
- KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni.
- KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni.
- KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.
- KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama.
- KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni.
- Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni.
- Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni.
- KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni.
- KuMotsweding FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.30 ekuseni.



Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Thuli, Special and the secret* (pages 5, 6, 11 and 12) and *I am the man* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Crocodile's funeral* (page 13).



Thuli, Special and the secret

Thuli and her grandmother have a cow called Special. Thuli loves Special very much. She also loves biscuits. One day, Thuli makes a secret plan to share a treat with Special.

Write a review of this story and stand a chance of winning some books! See page 15 for details.

- ★ As you read the story, draw your children's attention to the pictures and text by asking questions and making comments. For example:
 - ♥ **page 6:** Look at Thuli's face! What kind of story do you think Grandmother is telling?
 - ♥ **pages 8 and 9:** Why do you think Thuli wants to share her biscuits with Special?
 - ♥ **page 15:** Why do you think Special licks Thuli? What do you think her tongue feels like?
- ★ Have a discussion about secrets. Here are some questions you could talk about together.
 - ♥ What is the secret in the story?
 - ♥ Can some secrets be good while other secrets are bad?
 - ♥ How do you know if a secret is bad?
 - ♥ Do you think Thuli and Special's secret was a good one or a bad one?
- ★ Give your children paper plates, cardboard, glue and paint or crayons, and suggest that they use these materials to make a cow.
- ★ Encourage your children to draw a picture of an animal or treat that is special to them, and then to write about why it is so special.

I am the man

This is a story for children aged about 10 years and older. It is about honesty, having the courage to do the right thing and second chances.



- ★ After you have read the story, spend some time discussing these questions together.
 - ♥ Why do you think the boy steals?
 - ♥ What do you think made him behave differently this time?
 - ♥ Is it always easy to do the right thing? Explain your opinion.
- ★ Ask your children to imagine that the boy from the story keeps a diary in which he records what happens each day, as well as his thoughts and his feelings. Suggest that your children write his diary entry for the day in the story. They could start like this:

Dear Diary
Today I was ...

Crocodile's funeral

All the animals in the bushveld were afraid of Crocodile, so they kept away from her. But at her funeral, they all claim to be her relative so that they can inherit her large pile of gold. What will it take to prove who her real relatives are?



- ★ Encourage your children to use the following materials to make a crocodile: a long egg carton or egg tray, cardboard, scissors, glue, green paint and kokis.
- ★ After you have finished reading the story, discuss some of these questions.
 - ♥ If you were Crocodile and you had woken up at your own funeral, what would you have said or done?
 - ♥ Do you think the lizards were Crocodile's real relatives?
 - ♥ What do you think would have happened if Crocodile had really been dead? How would it have been decided who her relatives are?
 - ♥ Who are your relatives? What do you have in common with them? Can we have things in common with people who are not our relatives?

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili zemifanekiso ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *UThuli, uKhethiwe nemfihlo* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) nethi, *Mina ngiyindoda* (amakhasi 7, 8, 9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Umngcwabo kaNgwenya* (ikhasi le-14).

UThuli, uKhethiwe nemfihlo

UThuli nogogo wakhe banenkomazi ebizwa ngoKhethiwe. UThuli umthanda kakhulu uKhethiwe. Futhi uthanda amabhisikidi. Ngolunye usuku, wenza isu eliyimfihlo lokwabelana ngesenzo esihle noKhethiwe.

Bhala iqoqa elihlaziya le ndaba uzibeke emathubeni okuthola imiklomelo yezincwadi! Bheka ekhasini le-15 ukuthola eminye imininingwane.

- ★ Ngenkathi ufunda indaba, yenza izingane zakho zinake imifanekiso kanye nokubhaliweyo ngokubuza imibuzo nokubeka imibono yokuphawula. Ukwenza isibonelo:
 - ♥ **ikhasi lesi-6:** Bheka ubuso bukaThuli! Ucabanga ukuthi uGogo uxoxa hlobo luni lwendaba?
 - ♥ **ikhasi lesi-8 nelesi-9:** Kungani ucabanga ukuthi uThuli ufuna ukwabelana ngamabhisikidi akhe noKhethiwe?
 - ♥ **ikhasi le-15:** Ucabanga ukuthi kungani uKhethiwe ekhotha uThuli? Ucabanga ukuthi ulimi lwakhe luzwakala lunjani nje?
- ★ Yiba nengxoxo mayelana nezimfihlo. Nayi eminye imibuzo eningakhuluma ngayo nindawonye.
 - ♥ Iyipi imfihlo endabeni?
 - ♥ Kungenzeka yini ukuthi ezinye izimfihlo zibe zihle ngenkathi ezinye zizimbi?
 - ♥ Wazi kanjani uma ngabe imfihlo iyimbi?
 - ♥ Ucabanga ukuthi imfihlo kaThuli noKhethiwe kwakungenhle noma embi?
- ★ Nikeza izingane zakho amapuleti ephepha, ikhadibhodi, isinamathelisi kanye nopende noma amakhrayoni, bese uphakamisa ukuthi lezi zinto zizisebenzise ukwenza inkomazi.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sesilwane noma okuthokozisayo okukhethekile kuzona, bese emva kwalokho zibhala ngokuthi kungani kukhethekile kuzo.

Mina ngiyindoda

Lena yindaba yezingane ezineminyaka elinganiselwa kweyi-10 nangaphezulu. Imayelana nokwethembeka, ukuba nesibindi sokwenza into elungileyo kanye nangamathuba esibili.

- ★ Ngemuva kokufunda indaba, thathani isikhathi nixoxisana ngale mibuzo nindawonye.
 - ♥ Ucabanga ukuthi kungani umfana entshontsha?
 - ♥ Yini ocabanga ukuthi imenze waziphatha ngendlela eyehlukile kulokhu?
 - ♥ Ngabe kuhlale kulula ukwenza into elungile? Chaza ngombono wakho.
- ★ Cela izingane zakho ukuthi zibone ngeso lengqondo ukuthi umfana osendabeni ugcina idayari lapho eqopha khona okwenzeka usuku ngalunye kanjalo nemicabango kanye nemizwa yakhe. Phakamisa ukuthi izingane zakho zibhale umuntu akufaka edayarini yakhe endabeni.

Dayari Ethandekayo
Namuhla bengi ...


Umngcwabo kaNgwenya

Zonke izilwane ehlanzeni zazimesaba uNgwenya, ngakho zazidlalela kude naye. Kodwa ngomngcwabo wakhe, zonke zazithi nokusho ubeyisihlobo sazo esikhulu ukuze zikwazi ukuthola ifa lenqwaba yegolide lakhe. Ngabe yini ezokwenzeka ukukhombisa isiqiniseko sokuthi ngobani abayisihlobo sakhe ngempela?

- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zisebenzise izinto ezilandelayo ukwakha ingwenya: ikhathoni noma ithileyi lamaqanda elide, ikhadibhodi, isikelo, isinamathelisi, upende oluhlaza okotshani namapeni ekhokhi.
- ★ Uma usuqedile ukufunda indaba, xoxisanani ngeminye yale mibuzo.
 - ♥ Ukuba ubunguNgwenya bese uphaphama emngcwabeni wakho, yini obungayisho noma obungayenza?
 - ♥ Ucabanga ukuthi izibankwa zaziyizihlobo zangempela zikaNgwenya?
 - ♥ Ucabanga ukuthi bekuzokwenzekani ukuba uNgwenya ubefile ngempela? Bekuzonqunywa kanjani ukuthi ngobani abayizihlobo zakhe?
 - ♥ Ngobani izihlobo zakho? Yini eninako okufanayo nazo? Ngabe singaba nazo yini izinto ezifanayo nabantu abangezona izihlobo zethu?

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Special always looks at Thuli as she eats her biscuits. Thuli wants to share her biscuits with Special, but Grandmother gives her only enough for herself.

UKhethiwe ubuka uThuli njalo lapho edla amabhisisikidi akhe. UThuli uyafisa ukwabelana ngamabhisisikidi akhe noKhethiwe, kodwa uGogo umnikeza anele ukuthi awadle yena kuphela.



Lots more free books at bookdash.org

UThuli, uKhethiwe nemfihlo

Thuli, Special and the secret




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

*Baeletsi Tsatsi
Yihenew Worku
Dali Gaga*





When the stories are finished, Grandmother gives Thuli some biscuits and a glass of fresh and creamy milk. Thuli's parents bring the biscuits when they visit – chocolate chip biscuits. Thuli's favourite.

Uma izindaba seziphelile, uGogo unikeza uThuli amabhisikidi ambalwa kanye nengilazi yobisi olusha olusakhlimu. Abazali bakaThuli bafika namabhisikidi uma bezovakasha – amabhisikidi amade anoshokoleli. UThuli uwakhonze kabi.



Ngolunye usuku emva kokulalela izindaba, uThuli ulandela uGogo uya endlini, uhamba ngamananzwane ukuze uGogo angamuzwa. UThuli ubona uGogo ekhipha amabhisikidi ambalwa kuhhavi.

One day, after listening to stories, Thuli follows Grandmother into the house, tiptoeing so that Grandmother won't hear her. Thuli sees Grandmother take some biscuits out of the oven.




UThuli uhlala noninakhulu kanye nenkomazi yakubo, uKhethiwe, esigodini sasemakhaya. Abazali bakhe basebenza edolobheni elikhulu.

UKhethiwe ukhotha uThuli ngesikhathi emnikeza amabhisikidi. UKhethiwe wamoyizela. UThuli wamoyizela.

“Yimfihlo yethu encane le,” kusho uThuli.

Special licks Thuli when she gives her the biscuits. Special smiles. Thuli smiles.

“It's our little secret,” says Thuli.









I moved like a snake and slipped in beside her in the crowd. I smiled at the little girl and tickled her leg and she giggled happily on her mother's hip. My hand slid easily into the folds of her mother's skirt. I found the small bundle of money. One quick movement and it was in my pocket.

Nganyela njengenyoka ngafinyela eduze kwakhe kuleso siminyaminyana. Ngamoyizela ngibuka intombazanyana ngase ngiyikitaza emlenzeni magede yanyakaza ngokujabula enqulwini kanina. Isandla sami sashelela kalula nje kumapiliti esiket' sikanima. Ngathola isishuquwana semali. Ngokuphazima kweso yayisisekhukhwinini lami.

Mina ngiyindoda

I am the man

*Bridget Krone
Lois Neethling*



This story comes from *Stories that Talk 2*, Heartlines' second collection of stories about values. For more information please email info@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



No one sees my hands work, because I have feather fingers. These fingers of mine can lift a wallet from your back pocket so lightly, so quickly, that you will not feel even a tiny tug. I can unclip a watch so fast while you are bending down to light my cigarette, that you will never remember the touch of my hand. And I know exactly where you have zipped your cellphone. It calls to me from that secret pocket in your bag ... I can hear it from across the taxi rank.

I saw the woman by the entrance to the wholesalers. She had a small girl with her, clinging to her skirt. I watched her take out a bundle of money knotted into a dirty piece of cloth. She counted the notes and coins secretly, keeping them close to her body. She frowned and tucked the money into a hidden pocket in her skirt. She swung the child onto her hip and entered the shop.

Uma ucabanga ukuthi ngizokutshela ukuthi uyiphile kanjani impilo yakho, unephutha. Vele ulinde uze ungazi kangconywa, uzobona ukuthi angilona lolo hlobo. Akumele uthathe izifundo ngempilo kimi. Engizokutshela khona nje wukuthi kwenzekani bese wena uzifundela kwezakho.

If you think I'm going to tell you how to live your life, you are wrong. Just wait until you know me a bit better and you'll see that I'm not that kind of guy. You mustn't take any life lessons from me. All I'm going to do is tell you what happened and then you must work things out for yourself.



Ngaphenduka ngase nginyamalala. Kodwa isiminyamiya sabantu sasingcindezele ngapha nangapha ngakho ngangabaza. Intombazanyana yamoyizela yayisizemboza ngobuso ngamahlonzana elhombekakanina. Ngabe kwakuwukumoyizela kwayo okwenza ngiphambandwe yikhanda? Ngabe yingakho nje ngathatha lelo thuba?

Ngihlale ngiphunyula nje mina. Ngigale ngihambe kancane nje ukuze nginganakeki emva kwalokho, uma sengiqhale ngokwanele, bese ngiyagijima. Ngiphuma ngingena phakathi kwezixuku, inhliziyoyishayela phezu – nginyamalale. Kodwa kulokhu angizange. Angiyanga ndawo; ngangdamane ngilandela owestazane lapha estolo, ngimbuka ngenkathi equkula isaka lempuphu elifaka engoleni, ngambuka ebuyisela amafutha okupheka emuva eshalofini. Ngambona nalapho ethatha iqhuzu lensipho yokugeza eluhlaza okotshani ncsaka likabhontshiso owomile. Ngambuka nalapho esekhuphukela emshini okukhokhwa kuwo. Ngangikwazi kahle kamhlophe okwakuzokwenzeka.

Ngathi tshobe nganyamalala esixukwini.

Ngahamba kancane ukuze nginganakeki, emva kwalokho ngagijima. Hheyi, ngagijima, uyezwa! Ngangizwa sengathi izinyawo zami zinezimpiko. Inhliziyo yami yayishaya, nginomuzwa omusha. Ngangingakaze ngikuzwe ukujabula okunjena. Ngashaya emoyeni ngenqini yami.

Mina NGIYINDODA!


I ducked and disappeared into the crowd.


I walked slowly so I didn't attract attention and then I ran. Man, I ran! I felt as if my feet had wings. My heart was pounding with a new feeling. I have never felt such happiness. I punched the air with my fist.

I am THE MAN!

Akheho noyedwa obona izandla zami uma zisebenza, ngoba nginemimwe eyizimpaphe. Le minwe yami ingakhipha isikhwama semali ekhukhwini lakho elingemuva ngobunono, ngokushesha, ngendlela yokuthi ngeke uzwe ngisho nokuncane ukuthinteka. Ngiyakwazi ukukhumula iwashi ngokushesha ngenkathi ugobile ukuze wokhele ugwayi wami, kanti ngeke uze ukukhumbele ukuthintwa yisandla sami. Futhi ngazi kahle kamhlophe laphe uvalele khona umakhalekhukhwini wakho. Wona uyangbiza ekhukhwini lakho lemfilo esikhwameni sakho ... ngiwuzwa ngingaphesheya kwerenki yamatkisi. Ngabona owesifazane emyangco ongenela ezitolo. Wayehamba nentombazanyana, imbambde ngesikeki. Ngambona ekhipha izishagan zembali egqowe ngenzwangu engcolile yayisiboshwa amafindo. Wayesebala engamaphcha newuhlweza ekusithakeni, eyisondeza eduze komzimba wakhe. Uthe esuka wayehwaga ebusweni wayeseyifhla imali ekhukhwini elingaphakathi esikekini sakhe. Wayeseshibela ingane enqulwini yakhe maqede wangena esitolo.

I turned to slip away. But the crowd was pressing around me, so I hesitated. The little girl smiled and buried her face shyly in her mother's shoulder. Was it her smile that made me lose my head? Was that why I took such a chance? I get away every time. I walk slowly at first so as not to attract attention and then, when I have gained enough distance, I run. I weave in and out of the crowds, my heart pounding – I disappear. But this time I didn't. I stayed, trailing the woman in the shop, watching her as she lifted the bag of mealie meal into her trolley, watching as she put the cooking oil back on the shelf. I saw her pick up a small bar of green soap and a bag of dried beans. I watched as she went up to the till. I knew exactly what was going to happen.







I can't remember what he was wearing ... no distinguishing marks or features. I think he went ... that way? And you would point, but you wouldn't be certain.

KwakunguMgqibelo ekuseni, kuphela inyanga: usuku oluhle lokukhuthuza emakhukhwini abantu. Ngiyakwazi phela ukunyamalala nje kubantu abaningi kangcono kunawo wonke umuntu osemigwaqweni la. Ngimncane kunoneminyaka eyishumi nantathu kanti ngeke ubukhumbule ubuso bami uma kufanele ubike ngami emaphoyiseni. "Wumfana omncane nje, Phoyisa," uzosho njalo. "Unezinwele ezimfishane, unamehlo ansundu, ngiyacabanga ... mhh ... angisakhumbuli ukuthi ubegqokeni ... akukho zimpawu ezimenza ahlukwe kwabanye. Ngicabanga ukuthi ... ushone ngaleya." Uzosho njalo usukhomba, kodwa isiqiniseko uzobe ungenaso.

It was a Saturday morning and month-end: the best day for picking pockets. I can get lost in the crowd better than anyone else on the streets. I am small for thirteen and you would not remember my face if you had to report me to the police. "Just a small boy, Officer," you would say. "Short hair, brown eyes I think ... um ..."



She cried out in shock and I could see her panic as her hands hunted through her pockets again and again. The cashier didn't care. He pushed a button under his till to call the manager, a bored look on his face.


Wakhala kakhulu ethukile kanti ngangilibona kahle ixhala novalo ngenkathi izandla zakhe zicinga ziphindela emakhukhwini akhe. Oshaya omshini wayengcandaba. Wachofeza inkimbho ngaphansi komshini wokukhokha ukuze abize imenja, ebukeka enobuso obudiniwe.

Imenja yama ikhuluma naye, izandla zayo izibeke ezinqulwini. Ubuso bayo babufana nobonda olungenalutho.

Iningi labantu lase liyisixuku lizungeze lona wesifazane. Nganyelela njengenyoka ngazithola sengiseduze kwakhe futhi. Ngenza iminyakazo emibili esheshayo. Ngesandla esisodwa ngafaka isixha semali esandleni sentombazanyana ngayifumbathisa kwathi ngesinye isandla ngayincweba emlenzeni. Kakhulu. Yakhala kakhulu unina waphenduka wayibheka.

The manager stood talking to her, his hands on his hips. His face was like a blank wall.

Lots of people were crowding round to look at the woman. I moved like a snake and slipped in beside her. I made two quick movements. With one hand I slipped the bundle of money into the little girl's fist and with the other I pinched her leg. Hard. She cried out and her mother turned to her.



She runs back outside and tells Special that soon she will have biscuits to share with her.



Uyagijima aphumele ngaphandle atshele uKhethiwe ukuthi maduze nje uzobe enamabhisikidi azokwabelana ngawo naye.

Uvula uhhavini athathele uKhethiwe amabhisikidi ambalwa.

She opens the oven and takes out some biscuits for Special.




After eating, Thuli and Grandmother sit under the tree and Grandmother tells Thuli stories.



Ngemva kokudla, uThuli noGogo bahlala phansi kweshlaha bese uGogo exoxela uThuli izindaba.

Thuli lives with her grandmother and their cow, Special, in the village. Her parents work in the city.





When Thuli is nice and clean, Grandmother gives Thuli some porridge. Thuli loves the porridge. But she loves the milk more, because it comes from their cow, Special. The milk is fresh and creamy.

Lapho uThuli esemuhle, esehlangezile, uGogo umnikenza idokwe. UThuli uyazifela ngedokwe. Kodwa uthanda ubisi kakhudlwana, ngoba luphuma enkomazini yakwabo, uKhetivwe. Ubisi lusha futhi lunothe ngokhlimu.


Njalo ekuseni uGogo kaThuli umvusa kusempondozankomo ukuyobuka ilanga liphuma.

Uma ilanga seliphezulu esibhakabhakeni, uGogo ugeza uThuli. Uxubha amazinyo kaThuli, amhlambe ubuso aphinde ambulashe nezinwele zakhe.



Every morning Thuli's grandmother wakes her up early to go and watch the sunrise.

When the sun is up in the sky, Grandmother bathes Thuli. She brushes Thuli's teeth, washes her face and brushes her hair.



Later in the afternoon, Grandmother and Thuli have a nap. Then they wake up to watch the sunset.

Makhathaleni ntambama, uGogo noThuli bathatha ilanga seliyoshona. isithongwana. Emva kwalokho bavuka babuke

Lathi uma selishonile ilanga, uThuli wanyelela waqonda ekhishini.

When the sun has set, Thuli sneaks off into the kitchen.



Crocodile's funeral

Retold by Kai Tuomi ✨ Illustrations by Samantha van Riet

All the animals knew that Crocodile had a big pile of gold in her house, but none of them had ever seen it because Crocodile was nasty and mean. She would chase them away and bite them with her sharp teeth.

One hot day in summer, Monkey was out walking by the river when he saw Crocodile lying in the sunshine. Monkey, who was very naughty, picked up a stick and poked Crocodile on the side of her body. Crocodile didn't move, so Monkey poked her again.



"She must be dead," said Monkey. He ran off to tell the other animals.

All the animals arrived to have a funeral for Crocodile. They stood around her body and talked. They wanted to know who would get Crocodile's big pile of gold. They all wanted the gold, of course, but the law of the bushveld said that the gold belonged to Crocodile's relatives.

And that was the problem – nobody knew who Crocodile's living relatives were. So wise Tortoise called a big meeting on the river bank to find out.

First the birds, with their colourful feathers and beautiful voices, stood up to speak. "We must be the living relatives of our dear mother Crocodile," they sang together. "Even though Crocodile was not as beautiful as we are, she laid big eggs in the sand. We deserve her big pile of gold."

The other animals shouted, "NOOO!" and the birds sat down.

"That is very true," said Tortoise. "Crocodile did lay big eggs in the sand. Does anyone else have something to say about it?"

The lizard clan stood up, and hissed at the birds. "That's rubbish," said the leader of the lizards. "I know plenty of lizards who also lay eggs, and we aren't birds at all. Crocodile was a member of our clan because of her scaly skin. We deserve the big pile of gold."

The other animals shouted, "NOOO!" and the lizards sat down.

"That is also very true," said Tortoise. "Crocodile does have scaly skin. Does anyone else have something to say about it?"

There was a splash from the river, and four blue heads popped out of the water. "We don't care if she laid eggs, or had scaly skin," said the fish. "We have scales too, and we used to watch Crocodile swim underwater every day. She was a fish, just like us. We deserve the big pile of gold."

"Oh no, that's not true," said the leader of the lizards. "Just look at her lying there. She has four legs. Show me a fish with four legs."

"But she swam," said the fish.

"Wait!" said Springbok. "Crocodile has four legs. Everyone in the buck clan has four legs too, so she must have been a buck. We deserve the big pile of gold."

"But you don't lay eggs," sang the birds.

The fish popped out of the river and sprayed water on the birds. The birds took off into the sky and flapped around.

"Why did you do that?" asked one of the birds.

"If you really are Crocodile's relatives, then you would love water," said the fish. "Besides, did you ever see Crocodile fly?"

And soon all the animals of the bushveld were fighting amongst themselves and shouting.

"Stop, everybody! Stop!" said Tortoise, but no one would listen to him.

Suddenly, Tortoise felt a tap on his shoulder and turned around. Something terrible was looking down at him. It had great big eyes and very sharp teeth. It was Crocodile!

"I thought you were dead," said Tortoise, shaking in his shell.

"I was sleeping," said Crocodile in her big voice. "But all this noise woke me up."

Tortoise mumbled an apology and scuttled off into the bushveld. Crocodile turned to the other animals.

"Hey!" she shouted. Everyone stopped fighting and was silent. They looked at Crocodile with wide eyes.



"That's better," said Crocodile. "So you all want my gold, do you? Well, firstly, I would like to have dinner with my *living* relatives. So who wants to stay and eat something delicious?" asked Crocodile licking her lips.

"The birds are your relatives," said the fish, swimming away quickly.

"Oh, no, the buck are," said the birds flying off into the treetops. "They have four legs." But the buck clan had already disappeared into the bushes.

"Well," said the lizards, "that leaves only us. Oh please, don't gobble us up, Crocodile."

"Gobble you up?" said Crocodile smiling. "Why would I eat my own relatives? Come on, lizards. Let's go and have dinner."

So the lizards followed Crocodile to her hut, where they ate marula cake and drank delicious spring water, and told jokes and laughed until it was dark outside. And from that day on, all the animals knew that the lizards were the true living relatives of Crocodile, and that when she did actually die, they would get her big pile of gold.



Ixoxwa kabusha nguKai Tuomi



Imidwebo nguSamantha van Riet

Zonke izilwane zabe zazi ukuthi uNgwenya unegolide eliyinqwaba emzini wakhe, kodwa asikho esasike salibona ngoba uNgwenya wayenonya futhi eziqhenya. Wayezixosha, azilume ngamazinyo akhe acijile.

Ngelinye ihlobo elishisayo, uNkawu wayehamba eduze komfula ngenkathi ebona uNgwenya elele elangeni. UNkawu owayegangile, wathatha indukwana wahlakolozisa uNgwenya ohlangothini lomzimba wakhe. UNgwenya akazange anyakaze, ngakho uNkawu wamhlakolozisa futhi.



“Okusho ukuthi ufile,” kwasho uNkawu. Wagijima wayotshela ezinye izilwane.

Zonke izilwane zafika ukuze zizokwenza umngcwabo kaNgwenya. Zama zazungeza isidumbu sakhe zakhuluma. Zazifuna ukwazi ukuthi ngubani ozothola inqwaba enkulu yegolide likaNgwenya. Zonke zazifuna igolide, phela, kodwa umthetho wasehlanzeni wawuthi igolide lingelezihlobo zikaNgwenya.

Kanti-ke lokho kwakuyinkinga – akekho owayazi izihlobo eziphilayo zikaNgwenya. Ngakho uFudu ohlakaniphileyo wabiza umhlangano omkhulu ngasosebeni lomfula ukuze athole okuthile ngalokhu.

Zisuka amadaka nje, izinyoni, nezimpaphe zazo ezinemibalabala kanye namazwi amtoti, zasukuma ukuze zikhulume. “Siyizihlobo eziphilayo zikamama wethu uNgwenya,” zacula ngokuhlanganyela. “Nakuba uNgwenya ebengemuhle njengathi, ubezalela amaqanda amakhulu esihlabathini. Sikufanele ukuthola inqwaba enkulu yegolide lakhe.”

Ezinye izilwane zamemeza, “CHAAA!” izinyoni zase zihlala phansi.

“Kuyiqiniso elingephikwe lokho,” kwasho uFudu. “UNgwenya ubezalela amaqanda amakhulu esihlabathini. Kukhona omunye ofuna ukusho okuthile?”

Sasukuma isizwe sezibankwa. “Wumbhedo lowo,” kwasho umholi wezibankwa. “Ngazi izibankwa eziningi nazo ezizalela amaqanda, kodwa kasizona nhlobo izinyoni. UNgwenya ubeyilunga lesizwe sakithi ngenxa yesikhumba sakhe esinamazekela. Sikufanele-ke ukuthola izindimbane zegolide.”

Ezinye izilwane zamemeza, “CHAAA!” izibankwa nazo zase zihlala phansi.

“Kuyiqiniso elingephikwe nalelo,” kwasho uFudu. “UNgwenya ubenesikhumba esinamazekela. Ngabe ukhona omunye onokuthile afuna ukukusho ngalokhu?”

Kwezakala ukukhala kwamanzi, kwase kuvela amakhanda aluhlaza okwesibhakabhaka khona emanzini. “Asinandaba ukuthi ubezalela amaqanda, noma ubenesikhumba esinamazekela,” kwasho izinhlanzi. “Nathi sinawo amazekela, futhi besihlale simbona njalo uNgwenya ebhukuda ngaphansi kwamanzi zonke izinsuku. Ubeyinhlanzi, njengathi nje. Ngakho sikufanele ukuthatha inqwaba yegolide.”

“Awu, ngeke, akulona iqiniso lokho,” kwasho umholi wezibankwa. “Mbheke njengoba elele laphaya. Unemilenze emine. Ngikhombise inhlanzi enemilenze emine.”

“Kodwa ubebhukuda,” kwasho inhlanzi.

“Kahleni bo!” kwasho uNsephe. “UNgwenya unemilenze emine. Zonke izinyamazane esizweni sezinyamazane zinemilenze emine, okusho ukuthi naye ubeyinyamazane phela. Sikufanele nathi ukuthola le nqwaba yegolide.”

“Kodwa nina aniwazaleli amaqanda,” kucula izinyoni.

Inhlanzi yaphuma iqhasha emfuleni yathela izinyoni ngamanzi. Izinyoni zasuka zandiza zaya esibhakabhakeni zibhakuza.

“Ukwenzeleni lokho?” kwabuza enye yezinyoni.

“Uma ngabe niyizihlobo zikaNgwenya ngempela, kumele ngabe niyawathanda phela amanzi,” kwasho inhlanzi. “Ngaphandle kwalokho, nake nambona yini uNgwenya endiza?”

Ngokushesha izilwane zehlanze zase zilwa zodwa, zithethisana.

“Yimani, nonke! Yimani!” kwasho uFudu, kodwa akekho owamlalela.

Khona manjalo uFudu wezwa kukhona omthintayo ehlombe wase ephenduka ebheka emuva. Kwakukhona into embi embuka kabi ingenhla. Yayinamehlo amakhulu namazinyo acijile. KwakunguNgwenya!

“Bengicabanga ukuthi ufile,” kwasho uFudu, eqhaqhazela egobolondweni lakhe.

“Bengilele,” kwasho uNgwenya ngezwi lakhe elikhulu. “Kodwa umsindo wenu ungivusile.”

UFudu wavungama exolisa, ebaleka eseqonde ehlanzeni. UNgwenya waphendukela kwezinye izilwane.

“Hheyi nina!” esho ethetha. Zonke izilwane zayeka ukulwa zase zithula du. Zabuka uNgwenya ziwaqwebulile amehlo.



“Kungcono-ke lokho,” kwasho uNgwenya. “Okusho ukuthi nonke nifuna igolide lami, akunjalo? Kulungile, okokuqala, ngizothanda ukuba nesidlo nezihlobo zami eziphilayo. Ngubani ofuna ukuhlala adle okumnandi?” kwabuza uNgwenya ekhotha izindebe zakhe.

“Izinyoni ziyizihlobo zakho,” kwasho izinhlanzi, zibaleka zitshuza emanzini ngokushesha.

“Awu, lutho, yizinyamazane eziyizihlobo zakho,” kwasho izinyoni zindiza ziyothi chwa phezulu ezihlahleni. “Zinemilenze emine.” Kodwa isizwe sezinyamazane sase sinyamalale kudala sangena ezihlahleni.

“Kulungile-ke,” kwasho izibankwa, “sekusele thina kuphela manje. Siyacela, ungasigwinyi phela, Ngwenya.”

“Ngingwinye nina?” kwasho uNgwenya emoyizela. “Ngingazidlelani kodwa izihlobo zami? Wozani, zibankwa. Masihambeni siyodla isidlo.”



Nebala izibankwa zalandela uNgwenya kwaqondwa endlini yakhe, lapho lezi zilwane ezafika zadla khona ikhekhe lamaganu zase ziphuza amanzi amnandi esiphethu, zaxoxelana izindaba zahleka kwaze kwaqala ukuba mnyama phandle. Ukusukela ngalelo langa, zonke izilwane zazi ukuthi izibankwa ziyizihlobo eziphilayo ngempela zikaNgwenya, nokuthi kuyothi mhla esefa ngempela, yizibankwa eziyothola inqwaba yegolide.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

- © Cut out these pictures of Afrika, Bella, Noodle, Hope and Neo. Then stick them to the tops of spoons or sticks to create your own Nal'ibali puppets. Use them to make up a story and put on a puppet show!
- © Sika ukhiphe lezi zithombe zika-Afrika, uBella, uNoodle, uHope noNeo. Bese uzinamathisela ngaphezulu kwezipunu noma kwezindukwana ukuzenzela abakho opopayi bakwaNal'ibali. Zisebenzise ukwenza indaba nokubeka umbukiso wopopayi!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Thuli, Special and the secret* (pages 5, 6, 11 and 12), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *UThuli, uKhethiwe nemfihlo* (ikhasi lesi-5, 6, 11 nele-12), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngo-Twitter ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Crack the code!

What are Neo and his friends going to spend time doing during the holidays? Use the blue code-breaker table to help you find out.



- Neo is going on a (19, 15, 3, 3, 5, 18) _____ tour for the first week of the holidays.
- Mbali is going on an outing to a (6, 1, 18, 13) _____ with the other children at Gogo's educare centre.
- Bella is going to (18, 5, 1, 4) _____ to Noodle and take him to play with the other dogs at the (16, 1, 18, 11) _____.
- Hope is taking part in a (11, 1, 18, 1, 20, 5) _____ competition.
- Afrika and Dintle are going to help their mother to (2, 1, 11, 5) _____ cakes and biscuits for her stall at the winter fair.
- Priya is going with her sister to a story workshop at the (12, 9, 2, 18, 1, 18, 25) _____.
- Josh is helping to run a (8, 15, 12, 9, 4, 1, 25) (16, 18, 15, 7, 18, 1, 13, 13, 5) _____ for the younger children at his school.



A	B	C	D	E	F	G	H
1	2	3	4	5	6	7	8
I	J	K	L	M	N	O	P
9	10	11	12	13	14	15	16
Q	R	S	T	U	V	W	X
17	18	19	20	21	22	23	24
Y	Z						
25	26						

Qaqulula ikhodi!

Ngabe uNeo nabangani bakhe bazochitha isikhathi benzani ngesikhathi samaholide? Sebenzisa itafula lokuqaqulula ikhodi eliluhlaza ukukusiza ukuthola impendulo.

- UNeo uzoba yingxenywe yohambo lokuyodlala (9, 2, 8, 15, 12, 1) _____ ngesonto lokuqala lamaholide.
- UMbali uzozikhipha aye (5, 16, 21, 12, 1, 26, 9, 14, 9) _____ nezinye izingane esikhungweni sikaGogo semfundo esinakekelayo.
- UBella yena (21, 26, 15, 6, 21, 14, 4, 5, 12, 1) _____ uNoodle bese emthatha ukuthi ayodlala nezinye izinja (5, 16, 1, 11, 9) _____.
- UHope uzobamba iqhaza emncintiswaneni (23, 15, 13, 11, 8, 1, 12, 1, 13, 2, 1, 26, 15) _____.
- U-Afrika noDintle bazosiza unina (21, 11, 21, 2, 8, 1, 11, 1) _____ amakhekhe namaqebelengwane azowathengisa etafuleni lakhe embukisweni wasebusika.
- UPriya uzohamba nodadewabo baye enkundleni ukubelelana ezobanjelwa (5, 13, 20, 1, 20, 19, 8, 5, 14, 9) (23, 5, 26, 9, 14, 3, 23, 1, 4, 9) _____.
- UJosh usiza ekuphatheni (21, 8, 12, 5, 12, 15) (12, 23, 5, 8, 15, 12, 9, 4, 5) _____.



Iwezingane ezincanyana esikoleni sakhe.



2.

Write in code!

Use the code-breaker table to write down the code for six things you want to do during the holiday. Give your list and the code-breaker table to a friend or parent. Can they crack the code?

Your list:/Uhla lwakho:

- _____
- _____
- _____
- _____
- _____
- _____

Crack the code here:/Qaqulula ikhodi lapha:

- _____
- _____
- _____
- _____
- _____
- _____

Bhala ufake ikhodi!

Sebenzisa itafula lesiqaqululo sezinombolo ukubhala izinto eziyisithupha ofuna ukuzenza ngesikhathi samaholide. Nikeza umngani noma umzali uhla lwakho nesiqaqululo sezinombolo. Ngabe bayakwazi ukuqaqulula ikhodi?



Answers: 1. soccer 2. farm 3. read, park 4. karate 5. bake 6. library 7. holiday programme
Izipendulo: 1. ibhola 2. epulazini 3. uzofundela, epaki 4. womkhahlabazo 5. ukubhaka 6. emtsheni wezinqwadi 7. uhlelo lweholide

Don't forget that we will be taking a break until the week of 22 July 2018. Enjoy the holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Visit us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sivakashela ku-Facebook
ku-www.facebook.com/nalibaliSA

Ungakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla zingama-22 kuNtulikazi wezi-2018. Thokozela amaholide, bese uhlanganyela nathi ngemva kwamaholide ukuze uthole omunye umlingo wokufunda kwakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.